## UKUPHENDULA KUKASARS NGESICELO SE-PAIA ESENZWE NGUMNUMZANE JOHN STEENHUISEN

**06 kuNdasa 2023 –** USARS uqinisekisa ukuthi usuphendulile esicelweni esenziwe umholi weqembu i-Democratic Alliance, uMnu. John Steenhuisen, asenze ngokwesigaba 18(1) soMthetho oKhuthaza ukuTholakala koLwazi (i-PAIA) mayelana nokudalula komhambi othile.

Isisebenzi sakwaSARS esinguMphathi woLwazi, emva kokucinga okunzulu kwelekhodi eziNhlelweni zakwaSARS zokuDlulisa umHambi, nokuxoxisana neminyango efanele ngaphakathi kwaSARS akholwa ukuthi kungaba yiyo ebheke kanye/noma ephethe futhi/noma enolwazi ngamalekhodi aceliwe, watshelwa ukuthi ilekhodi alitholakali futhi/noma alikaze libe khona.

Isisebenzi sakwaSARS esinguMphathi woLwazi sitshele uMnu. Steenhuisen ngenqubo okumele ayilandele, waphinde wamazisa uMnu. Steenhuisen ngokwesigaba 23(1) se-PAIA. Ukuthi uSARS awunalo leli lekhodi akhuluma ngalo.

USARS wenza umyalelo wawo ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela, noma ubandlululo kuzo zonke izindaba obhekana nazo. Uzoqhubeka nokwenza kanjalo nakulolu daba. Ngalokho-ke, uSARS uzoqhubeka nokuthobela lokhu okuhlinzekelwa iSigaba 23(4) ku-PAIA. Uma kwenzeka leli lekhodi okukhulunywa ngalo litholakala emva komhla zi-5 kuNdasa 2023, uMnu. Steenhuisen uzokwazi ukulithola lelo lekhodi ngaphandle uma enqatshelwa ukulithola ngenxa yezizathu zokunqatshelwa ukuthola ilekhodi ezibhalwe kuSahluko 4 se-PAIA.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA.